

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

LWEZI 2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 100

Lo mlahlandlela unamakhasi ayisi-10.

UMBUZO 1**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

- 1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Isb. Ohlolwayo makaveze isigameko nalokho akufunda okwaguqula impilo yakhe ngalolo suku.
Okungalindeleka endabeni:
- Indaba mayibhalwe ibe senkathini edlule.
 - Akuvele ukuthi indaba ithinta yena ngqo lo obhalayo.
 - Akuvele ukuthi leso sigameko sayiguqula kanjani impilo yakhe ngalolo suku.
- Kungaba yikhono lezemidlalo, umsebenzi wezandla, njl. **[50]**
- 1.2 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyayiqonda ingqikithi yesihloko. Makachaze ukuthi yikuphi lokhu okumele akwenze ukuze angazisoli ngomuso, njl. **[50]**
- 1.3 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isimo sokukhuluma. Angabhala ngesimo sokuzenzela umathanda. Isb. isimo sasekhaya, sasesikoleni, sasesontweni, njl. **[50]**
- 1.4 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isihloko. Ohlolwayo makaveze lobu buhle nobubi bokuhlalisana nabantu bokufika kuleli bese kuthi ekugcineni abeke uvo lwakhe ngesihloko. Isibonelo:
- Ubuhle: angabhala ngamakhono kanye nobuhle obulethwa abantu bokufika kuleli.
Ububi: angabhala ngokungekuhle okwenziwa abantu bokufika okwenza kube nzima ukuhlalisana nabo. **[50]**
- 1.5 Ohlolwayo makakhethe uhlangothi olulodwa oluzofakazela ukuvumelana noma ukuphikisana nesihloko:
- Ukuvumelana: Ohlolwayo makaveze izibonelo zabantu abahluphekayo ngenxa yobuvila.
Ukuphikisana: Ohlolwayo makaveze izibonelo eziveza abantu abakhungethwe ububha yize kukhona abakwenzayo ukuze baziphilise. **[50]**
- 1.6.1 Ohlolwayo makabukisise isithombe bese enika indaba yakhe isihloko. Makungachazwa isithombe. Isibonelo sesihloko:
- Kusekude Phambili, njl. **[50]**
- 1.6.2 Ohlolwayo makabukisise isithombe bese enika indaba yakhe isihloko. Makungachazwa isithombe. Isibonelo sesihloko:
- Intandane Enhle Ngumakhothwa Ngunina, njl. **[50]**
- 1.6.3 Ohlolwayo makabukisise isithombe bese enika indaba yakhe isihloko. Makungachazwa isithombe. Isibonelo sesihloko:
- Ngaze Ngazenza, Kumele Ngithathe Isinqumo Esiphusile Manje, njl. **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU A: INDABA**UMBULO 1****QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhriki uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniwe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho: okuqukethwe nolimi, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe izingxenywe ezimbili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunengxenywe engenhla kanye nengezansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwezingxenywe. Ayikho ingxenywe engenhla noma engezansi.

AMARUBHRIKI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO (Izimpendulo kanye nemibono) Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo Ukuqonda inhloso, izithameli kanye nesimo		28–30	22–24	16–18	10–12	4–6
	Ingenye engenhla	-Impendulo enemibono ngaphezu kobe kulindelekile -Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekumbisa ukuvuthwa komqondo -Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle impela -Imibono eshaya emhloveni nehlalahlalile enokuvuthwa komqondo -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo -Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhloveni -Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo ikhombisa ukungahlangani -Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela -Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane nokulandelana	-Impendulo enhlanhlathayo -Imibono edidayo nengamemi -Akuzwakali kunoku phindaphinda -Akukho ukuhlela kanye nokulandelana
AMAMAKI ANGAMA-30		25–27	19–21	13–15	7–9	0–3
	Ingenye engezansi	-Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enemibono -Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha -Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo yakheke kahle -Imibono ehambisanayo nendaba nehlalahlalile -Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo eyenelisayo kodwa intula ukucacisa -Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka -Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho	-Impendulo engashayi emhloveni -Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida -Ukuhlela kanye nokulandelana akukho	-Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko -Akukhambisani nesihloko futhi akufanelene -Akupondene nesihloko futhi kuphithene

AMARUBHRIKHI OKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

Okungabonwa ngakho		Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
ULIMI, ISITAYELA & UKULUNGISA AMAPHUTHA		14–15	11–12	8–9	5–6	0–3
Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo, ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi	Ingxenywe engenhlala	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Ithoni ekhomba ukuheha kanye namasu obuciko obunembayo -Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile -Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle kakhulu	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo kusendimeni -Ithoni ifanelekile -Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe	-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi -Ithoni nephimbo akugculisi -Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe	-Ulimi aluqondakali -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda
AMAMAKI AYI-15	Ingxenywe engezansi	13	10	7	4	
		-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu -Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi -Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba	-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile -Ithoni iyahambisana futhi ifanelekile -Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi -Ibumbeke kahle	-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa -Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo	-Ukusetshenziswa kolimi okunamaphutha -Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho -Ulwazimagama olunomkhawulo	
ISAKHIWO		5	4	3	2	0–1
Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho		-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo -Ukucacisa okunembayo -Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu	-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba -Ukucacisa okuhle, -Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile	-Ukuthuthuka kwendaba okusendimeni -Imisho, izigaba kwakheke kahle -I-eseyi isenawo umqondo	-Amaphuzu ambalwa azwakalayo -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha	-Amaphuzu awatholakali -Imisho kanye nezigaba kunamaphutha -I-eseyi ayinamqondo
AMAMAKI AYISI-5						

Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa

SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.

PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.

L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.

// – khombisa isigaba esisha.

NK – inkathi engemukelekile.

AP – i-aphostilofi engemukelekile.

GL – amagama awalandelani ngokufanele.

R – irejista.

KM – akwenzi mqondo.

ISIV. – isivumelwano esingahambisani.

AK – akudingekile.

^ – kunegama elingekho.

GN – igama elingcono.

NQ – nqamula amagama ngendlela efanelekile ekugcineni komugqa.

PND- ukuphindaphinda amagama.

☐ – ukuhlanganisa amagama

/ – hlukanisa amagama

√ - ulimi oluhle

AMAKHODI AMAMAKI

Q = 30

L = 15

SK = 05

50**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obukhombisa ukuthi indaba iyethulwa/iyangeniswa.
- Umzimba:
 - (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
 - (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
 - (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
 - (i) Siyisigaba esisodwa.
 - (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa
 - (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa/ukuncoma

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**INCWADI YOBUNGANI/UMLANDO KAMUFI/I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO/I-INTHAVYU/ INCWADI YAKOMKHULU/UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO****IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**

Okungabonwa ngakho	Okungavamile	Okunekhono	Okusendimeni	Okuqalisayo	Akwanelisi
OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO & NEFOMATHI Impendulo kanye nemibono Ukukhetha imibono ukuze kube namalungiselelo Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo AMAMAKI AYI-15	13–15 -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile -Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo -Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umbhalo unamathele esihlokweni -Amasu akhombisa ukuthelana kanye nokulandela -Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko -Ifomathi efanelekile necacile	10–12 -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni -Kunamaphushana -Ukulandela kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko -Ifomathi efanele enamaphushana	7–9 -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Inamathele esihlokweni – inamathele asendimeni -Ukulandela kwemibono okuqukethwe kufanelekile -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa	4–6 -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Ukunamathele kuyabonakala kodwa kunamaphutha amaningana -Ukulandela kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali -Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko -Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi -Kukhona okumbalwa okubalulekile	0–3 -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo -Umqondo uyanhlathela kunamaphutha amakhulu -Imibono ayilandelani sanhlobo -Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko -Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi
ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA Ithoni, irejista, isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso Ukukhethwa kwamagama izimpawu zokuloba kanye nesipelingi AMAMAKI AYI-10	9–10 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu -Akunamaphutha sanhlobo	7–8 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle -Ulwazimagama oluhle -Kunamaphushana	5–6 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kunamaphutha ambalwa -Ulwazimagama olusendimeni -Amaphutha awawuphazamisi umqondo	3–4 -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo -Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi -Ulwazimagama olunganele -Umqondo awusalandeleki kahle	0–2 -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama kuhambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo -Kugcwele amaphutha futhi kuyadida -Ulwazimagama aluhambisana nenhloso -Umqondo uyanhlathela kakhulu

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**AMAKHODI OKUMAKA:****Q = 15****L = 10**

25

UMBUZO 2**Amamaki azocazwa ngale ndlela:****OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO NESAKHIWO (15)****ULIMI, ISITAYELA, UKUHLELA (10)****OKULINDELEKILE****2.1 INCWADI YOBUNGANI**

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lobhalayo lihamba nosuku. Isb. (08 Masingana 2021/ 08 Januwari 2021 / 08-01-2021 / 08/01/2021)
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. Sihle
- Isigaba sokuqala angaqalisa kanje: Ngiyathemba ..., Ngiyaxolisa ..., Ngabonga ...
- Isigaba sesibili masikhulume ngengqikithi yencwadi (ukumeluleka ngendlela yokuziphatha njengoba ezobe engekho phambi kweso labazali.)
- Isigaba sesithathu ukuphetha incwadi.
- Ohlolwayo makasebenzise irejista efanele.
- Makavalelise akhombise ukumazi lowo ambhalelayo.

Isib. Yimina umfowenu/ udadewenu
uSmiso

[25]**2.2 UMLANDO KAMUFI**

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Isihloko: Isibonelo sesihloko
Umlando kaNhlanhla Mtshali ongasekho
- Isigaba sokuqala:
 - Ukuqala ngamagama akhe aphelele
 - Usuku azalwa ngalo
 - Indawo azalelwa kuyo
 - Amagama abazali bakhe (makuvezwe ukuthi basaphila noma cha)
 - Usuku adlule ngalo emhlabeni
- Isigaba sesibili:
 - Izikole afunde kuzona (amabanga aphansi, aphakeme naphakathi nendawo)

- Isigaba sesithathu:
 - Iqhaza/ igalelo lakhe emphakathini
 - Izindawo asebenze kuzo
 - Iqhaza lakhe ekuthuthukiseni intsha.
 - Ukuhlabana kwakhe okwahlukahlukeni (uma kukhona)
- Isigaba sesine:
 - Abashiyile emhlabeni
- Isiphetho makukhonjiswe ukuthi usuyaphethwa umlando kamufi. Angasebenzisa la magama isb: LALA NGOXOLO HLABANGANI!

[25]

2.3 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:
I-Ajenda yomhlangano wabafundi besikole.

Usuku: 7 kuMfumfu 2020

Indawo: Eholo lesikole

Isikhathi: Ngehora le-10 ekuseni

1. Ukuvula
2. Amazwi okwamukela
3. Abakhona nezixoliso
4. Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule
5. Ezivuka emaminithini
6. Ezosuku/Ezintsha: Isikhalazo mayelana neqeqebana labafundi abangamabhoklolo esikoleni.
 - 6.1 Ukukhethwa kwekomiti elizosebenzisana nesikole ukulwa nalesi sikhala.
 - 6.2 Izindlela ezizolwisana nalo mkhuba.
 - 6.3 Ukusebenzisana neminye iminyango kahulumeni kanye nezinhlangano zikahulumeni ezizimele.
7. Ezingxube/Ezixubile
8. Umhlangano olandelayo
9. Ukuvala

Ohlolwayo kulindeleke ukuba:

- abhale amaminithi omhlangano ngenkathi edlule.
 - alandele i-ajenda yamaminithi omhlangano.
 - abhale amaphuzu abalulekile ashiwo yizikhulumi.
 - abhale iziphakamiso kanye nezinqumo.
 - Ukusayinwa kwamaminithi omhlangano nguNobhala kanye noSihlalo.
- Isibonelo:
uNobhala ...
uSihlalo ...

[25]

2.4 I-INTHAVYU

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Bhala isethulo/isandulelankulumo ngokuqamba abalingiswa, indawo, isikhathi nokuthi i-inthavyu imayelana nani.
- Bhala amagama ezikhulumi ngasesandleni sokunxele.
- Ungakhohlwa ukuba igama lomuntu omqambile uliqalise ngonkamisa u-“u” omncane.

Isibonelo:

uFikile :

uFana :

- Sebenzisa umugqa omusha ukukhombisa isikhulumi esisha.
- Obuza imibuzo (intatheli) makabuze imibuzo emifushane bese kuthi ophendulayo (udadewenu/umfowenu) aphen-dule ngokugcwele. Ulimi olujwayelekile olungenabungani.
- I-inthavyu mayikhombise ukukhula: ibe nesingeniso, umzimba nesiphetho.

[25]

2.5 INCWADI YAKOMKHULU

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

- Ikheli lobhalayo elinosuku.
- Ikheli lobhalelwayo elihambisana nesikhundla:
Isibonelo:

Mbhishobhi
Umthombo Wokuphila Church in Zion
Private Bag X10
Ngwebini
2054

- Ukubingelela uMbhishobhi, Isb. Mbhishobhi
- Isihloko sengqikithi obhala ngayo:
Incwadi Yokucela Ukukhoseliswa Kwemindeni Esontweni
- Isingeniso: ukuzethula (makuvele ukuthi ungubani nokwethula ingqikithi yodaba.)
- Umzimba wencwadi: ukuhlala odabeni nesizathu esenza ucelele imindeni ukuba ikhoselise esontweni.
- Isiphetho: ukuphetha akhombise inhlonipho. Isb. Ngiyethemba isicelo sami sizokwamukeleka.
- Ukuvalelisa. Isb. Yimina ozithobayo
uPhilani Zuma

NOMA

Yimina ozithobayo
uNokuphila Zuma (Nkz.)

[25]

2.6 UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO

Ohlolwayo makaveze la maphuzu alandelayo:

Into eyenzekile mayibhalwe ngendlela eyenzeke ngayo. Isibonelo: umphakathi uzitapele izimpahla ezitolo ngesikhathi kunombhikisho.

- Makube nesihloko:
Isibonelo: Umbiko Wokutatshwa Kwezimpahla Ezitolo Ngesikhathi Sombhikisho
- Isingeniso: Ukwendlalela ingqikithi yombiko
- Umzimba (Obani? Kungani? Nini? Yini? Kanjani?)
- Isiphetho: kungavela iziphakamiso/izinqumo. Isibonelo: Kungakuhle uma kuzoba nombhikisho kwaziswe amaphoyisa kunesikhathi ukuze alawule isimo.
- Makasebenzise:
 - Inkathi edlule.
 - Ulimi olujwayelekile.
 - Ulimi lomuntu wesithathu.

[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 50
AMAMAKI ESEWONKE: 100